MATH 6 : 5 - 8 = Yimuphi Umthandazo Awufunayo uBaba Wakho Na? - 21-05-00

UBaba wakho uzambulé kuwe ngokuthi nginguNkulunkulu wakho, noJesu usengumsindisi wakho, wena usungumntwana wakhe. Usho njalo kuwe ngoMoya wakhe nangeZwi lakhe. Lowombiko uwutholile esontweni nasekilasini lesonto nasemthandazweni noma ngabe usuwuzwile ekhaya. Manje uBaba wakho wasezulwini uselindela impendulo yakho.Ngoba phela obizayo nokhulumayo uyalindela impendulo. Umntwana ongaphenduli nxa ebizwa nguyise akasiye umntwana ophilile; oye athule phambi kukayise omfunayo ungomunye umntwana. Umntwana kaBaba wethu uyathandaza. Wena uye uthandaze na? Siyezwa namhlanje entshumayelweni yasentabeni ukuthi uJesu usifundisa ukuthi masithandaze kanjani.

akuwona owabazenzisi phambi kwabantu kepha owosekusithekeni phambi kwakhe

"nalapho nikhuleka . . ." UJesu akasho ukuthi sibokhuleka uma inhliziyo ivuma. Kukhona abasho njalo. Kodwa angibonange ngifunde ukuthi masiyilandele inhliziyo. Inkosi esiyilandelayo akusiyo inhliziyo kodwa nguJesu Kristu. Inhliziyo yakho, mfowethu, ilukhuni njengokuba kushiwo njalo eZwini lakhe.Ayifuni ukuthobela uJesu. Ngakho kuhle uma uzijwayeze ukuthandaza *ngezikhathi ezithize* njengoDaniyeli(6:10) noPetru noJohane(iZen 3:1). Ubaba noma umame wasekhaya makathandaze kanye nezingane ngezikhathi ezithize(ngesikhathi sokuvuka nangesikhathi sokulala noma ngesikhathi sokudla) afundise ingane futhi ukuzithandazela yona nxa ikhula.

Singakhuleka noma kuphi; noma ezibilinini zenhlanzi kanye noJona noma emhumeni kanye noDavide noma entabeni kanye noJesu noma phezulu ophahleni kanye noPetru. Awukho umthetho wokuthi umuntu makabe-nesiguqo sakhe esithize.Ungakhuleka eNkosini yakho ebhasini nasesikoleni nasehlathini(Joh 4:19-24). Ungazikhulekela ngokunyenyeza, ngokuphimisa amazwi ngokukhuluma okujwayelekile, ngokumemeza, ngezwi lenhliziyo kuphela. Kodwa ningathandazeli ukubukwa ngabantu. Ningakhulekisi okwabaFarisi ababethandaza emigwaqweni ukuba babonwe obala.Othandaza kanjalo, uyathandazela abantu; akathandazeli uYise wasezulwini. Ngakho uthi uJesu: umvuzo wabo ludumo lwabantu. Akukho okunye. Akulutho noma umvuzo ovela ezulwini. Imithandazo enjalo ifana nencwadi esala emuva eposini.Ayifinyeleli kuyena obhalelwe yona.Kulabo abathandazela abanye, abantu bakhulu kunoNkulunkulu. BanoYise omncane kuphela. Ake nikhumbule ukuthi uNkulunkulu omncane akakwazi ukusindisa nokuthethelela. Kodwa okhulekela uYise wasezulwini kuphela uzokuzwa ukuthi unamandla! Ngakho masingathandazi ukuze kuthi sijabulise abafundisi, sibe-negama elikhulu sithophe abantu.Umntwana uzizwa emncane emthandazweni phambi kukaYise wenkazimulo yasezulwini, abanye abantu uyakhohlwa yibo. Awufunde iHubo 51 kaDavide onganakanga inkulumo yabantu kodwa uzizwa eyisoni phambi kweNkosi yakhe.

Makube-khona isimo sokuhlonipha emikhulekweni phambi kukaBaba wakho nasezinkonzweni. UPawule uyakhuza abaseKorinte njengoba yilowo nalowo uyazikhulumela khona esontweni ngezilimi aze athi: kahle, abangaphandle bazokuthi niyabheda(14:23): "Phela uNkulunkulu akayena uNkulunkulu wesiphithiphithi"(I 14:33-N.T.) Iseluleko sakhe sithi: yilowo nalowo ngethuba lakhe. Makube-njalo nasemikhulekweni!

". . . .uthi usuvalé umnyango . . ."; kusho ukuthi uJesu ushaya umthetho wokuvala isicabha ngesikhathi somthandazo na? Kahle, uJesu akasifundisi la ngesivalo sendlu kepha ngendlela esingathandaza ngayo. Umthandazo ungowakho, uphakathi kwaBaba wakho nawe. Kushiwo kuwo izifuba zenhliziyo, okungaziwa khona ebantwini nesinamahloni ngakho. Makungabikho olunguza ngaphakathi.Kuvalwe hhayi nje umnyango kodwa namafasitele.UBaba wakho ukuzwa akuvuze.

akuwona owokukhuluma indendende ngoba uBaba usuke esekwazi okuswelayo

UJesu uyasixwayisa ngengozi yokuthemeleza, ngokuphinda njalo wona lawomazwi ngendlela yabahedeni. Abapristi bakaBali benze njalo; bammemeza uBali amahora amathathu ngokuthi 'Bali siphenduleni'(I amaKhos 18: 26 ff). UEliya waletha khona eNkosini isicelo sakhe

kanye nje (36-37).Kwakwanele. Ungaphindi njalo. Cela konke okufisa ukukucela. Sekwanele. Ungavunulisi umkhuleko wakho ngamagama amakhulu amaningi. Awukhumbule okulotshiwe kuMshum 5:2:`uNkulunkulu usezulwini, wena usemhlabeni;ngalokho amazwi akho mawabe-yingcosana`.UBaba wakho akezwa umkhuleko wakho ngenxa yesimo sawo omuhle noma ngenxa yobuningi bamazwi awo kodwa njengoba wena ungumntanakhe.Awukhuleki njengoba engazi uBaba wakho(iHub 139:4).UBaba wakho ufuna ukucelwa nakuba esekwazi okuswelayo.Uyakhuleka futhi,mzalwane, njengoba ufisa ukuba-seduze nobaba wakho ekujabuleni nasekukhaleni kwakho,akunjalo? Lalela, nxa uthandaza, uBaba wakho ubeka eceleni wonke umsebenzi wakhe onzima wasezulwini wokubusa lelizwe ukuba abheke okwakho ngokuba wena uhlangene nabancinyane bakhe(Math 18:10). Singamethemba siphonse izinkathazo zethu zonke phezu kwakhe ngokuba uyasikhathalela(I Pet 5:7). Masikhuleke kuye hhayi emagameni amathathu kodwa ngegama likaJesu onguMlamuleli wethu yedwa phakathi kukaNkulunkulu nabantu(Joh 14:14;15:16;16:24;I Tim 2:5).

Uphi owakho umkhuleko wokubonga nowokucela? Ugcine nini ukuthandaza? Sekuyizinsukwana na? Hhayi, sengathi ungomunye umntwana wena! Lalela, ezulwini kukhona osalindela umkhuleko wakho.

Math 6 : 9a - Singakhuleka kuYe Owaba-NguBaba Wethu Osezulwini ngoJesuKristu
(28-05-00)

Umkhuleko esifundiswé wona nguJesu uqobo awuphethe igama lakhe; asilitholi ndawo ngisho ekuqaleni nasekupheleni kwawo. Nokho awucabange umzuzwana nje ukuthi uJesu ngabe wayengefike ezweni njengoMsindisi. Khona-ke kwakungeke kube-khona ngisho nomkhuleko owodwa zwi kuNkulunkulu. Cha, nguJesu Kristu osivulelé indlela yokuya kuBaba-uNkulunkulu. Ngakho masikhulume ngaye uJesu kuqala.

NgoJesu Kristu

Singabantu abanjani phambi kweNkosi? Siyisizukulwane sikaAdamu noEva. Nisakhumbula yini indaba yabo yokuthi bamhlubuka kanjani uYise wasezulwini? Abantwana bahlubuka kuYise wasezulwini base bezikhethela omunye uyise. KwakunguSathane, uyise wamanga. Kepha sesizwile futhi ukuthi ngomsa kaNkulunkulu iNdodana yakhe uJesu yathunyelwa ezweni ukuba-ngumlamuli phakathi kukaNkulunkulu nabantu asebemhlubukile. Ngomsebenzi kaJesu abazenza abafokazi nezihambi baba-ngabantwana bakaNkulunkulu futhi. Nguyena uJesu ongenamahloni okubabiza ngokuthi bangabafowabo(Heb 2:11). Yibaphi abantu? Yibo labo abamamukela uJesu ngokukholwa. Sifunda ukuthi uNkulunkulu ubapha amandla noma ilungelo lokuba babe-ngabantwana bakhe(Joh 1:12).Abazenzé abafokazi nezitha bamukelwa njengabantwana emzini kaNkulunkulu.

NguJesu osefundisa abakholwa kuye ukuthi mabasondele kanjani phambi kukaYise. Mabazixhumanise naYe ngokuhlonipha bambonge bacele abakudingayo. Ngukuthandaza! Konje wena uyazi yini ukuthi uzoziphatha kanjani emzini osand` ukungena kuwo? Cha! Uyamdinga okufundisa umthetho wasekhaya. Pho-ke sesinamazwi ayishumi asifundisa uhambo lwethu kodwa uJesu uyakhombisa futhi ukuthi masikhuleke kanjani."Anokhuleka kanje nithi. . . ." UJesu uyafundisa obani la? Ngabafundi bakhe abakholwa kuye! Akafundisanga kanjalo izindimbane zabantu ababemlandela namhlanje bameyise kusasa. Umthandazo lona kaJesu uhlangene nomthetho wasekhaya likaNkulunkulu. Yisibonelo asinika sona uJesu sokuthi thina esikholwa kuye masisondele kuBaba wethu. Yithina, bantwana basekhaya lakhe! Nithini? Ngabe kuyinto enhle yokufundisa bonke abantwana besikole sikaHulumeni lomthandazo kaBaba wethu na?

Sithi: Baba wethu

Umthandazo awufani nomcibisholo ocibishelwe nje ngaphezulu ize ifinyelele noma kuphi noma kubani. Umthandazo onjalo ufana nencwadi engenalo ikheli elizosala eposini.Umthandazo wethu uphethe ikheli eliphelele lokuthi: Baba wethu - osezulwini. UJesu akasifundisi ukusho amagama anzima noma amaningi.Senzenjalo phambi kwamakhosi ethu. Sizame ukuwazwisisa ukuthi angisiye umuntu nje nokuthi indaba yami inkulu.Mawabone ukuthi anginansangu. Chabo, ekukholweni akukhulekwa kanjalo. Uyise uyamazi umntanakhe. Nokufihlakele kwakhe nobuncane bakhe uyakwazi. Umntwana wempela akahlobisi indaba yakhe phambi kukayise.Ucela njengomntwana osadla ngoyise kukho konke. Unovalo olukhulu phambi kukayise azi ukuthi uyise uyazi konke okwakhe, okuhle nokubi. Ngakho uyamhlonipha kodwa uyamethemba futhi. Akacindezeli uYise akahwebelani naYe(uma wena ungenzela kanje mina ngizokwenzela. . .). Hhayi-bo, uYise unguMdali wezulu nomhlaba.

Ikakhulu iNT liyambiza ngokuthi uBaba wethu(nokho funda Isaya 63:16!). Masingakhulumi ngaYe kube sengathi ungubasi wethu. Cha, siyamthobela ubasi kodwa asimethembi njalo. Unamawala! Hhayi: `Nkosi yethu` ngoba inkosi ayibazi abangabayo. Iye ibuze ithi:uqhamukaphi wena. UBaba uyangazi! Ngikhuleke kuYe ongaziyo selokhu ngaba-yihlule esiswini sikamame ngize ngingcwatshwe, ngize ngivuke ngale. Ngakho ngingaphonsa zonke izinkathazo zami phambi kwakhe ngoba uyangikhathalela.(I Pet 5:7). Akulutho futhi ukuthi ngingumuntu omncinyane ezweni(Math 18:10). Nomntwana omncinyane ungumntwana!

Kuyangiduduza futhi ukwazi ukuthi angikhuleki kuYe ngedwa.Kukhona abaningi abafana nami naseNdaleni. Kanye nabo ngithi:Baba wethu. Cha, angisaphuthi emithandazweni yethu lapho

ngifumana khona abazalwane abakhuleka njengami!

Osezulwini

Kuyasiduduza ukuzwa ukuthi asokhuleka sithi"osezulwini". UNkulunkulu akafani nobaba osemhlabeni. Yena ngabe uyaphuza engezwa kahle engikucelayo. Noma akanamandla okunginceda. Noma akekho nanxa ngimfuna lokhu esebenza eGoli.Cha, igama likaBaba lithi uNgikhona noma uJehova okusho ukuthi uyakhonela abangabakhe.

NjengoBaba osezulwini inkazimulo namandla asezulwini kungokwakhe. Amazulu ayathuthumela phambi kwakhe. Nguye oletha iqhwa nemibani, inala nendlala. Siyakhumbula ukuthi uAbrahama omkhulu wathandaza kanjani phambi kwakhe ethi: ngiluthuli nomlotha phambi kwakho(Gen 18:27). UMose wakhumula izicathulo zakhe phambi kwakhe(Eks 3:5) Akahlali entabeni njengoNomkhubulwane; uhlala "ekukhanyeni okungenakusondelwa kukho, ongazange abonwe-muntu, nongebonwe. . .(I Tim 6:16). Uyesabeka. Somlinganisa nobani na? NguYena othi: ngiyanithanda, ningabantwana bami.

Ngakho singaphephela kuYe simbize noma nini sazi kahle ukuthi sihlezi kahle kuYe noma izinkinga zethu ziningi, ezasekhaya nezomphakathi; noma kukhona okuningi esingakuqondi kahle nokusixakayo. NguYena esingambiza njalo,nguYena owaziyo. Abakholwayo bangabeka ezandleni zakhe nesimo esibi elikuso ilizwe lethu ngokuthi awusisize ngoba phela Wena unguBaba wethu.

MATH 6 : 9b - MALINGCWELISWE IGAMA LAKHO - funda Khath 122 - 04-06-00

Ngokwethu asazi kahle ukuthi singakhuleka kanjani. Umntwana akazi lutho engatshelwanga. Sesizwile khona ekuqaleni komthandazo ukuthi asombiza uNkulunkulu wethu ngaliphi igama. Masithi: Baba wethu osezulwini. Kepha soqhubeka ngokuthini? Sithanda ukuveza okwethu khona manjalo sithi: nginomkhuhlane, ngiswela imali yemfundo mina . . .mina . . . mina. UJesu-ke uyasifundisa ukuthi cha, masikhuleke ngenye indlela. Umntwana impela unezinkinga zakhe kodwa naYe, uYise ongcwele, unezinto ezimhluphayo ngokuba igama lakhe alingcweliswa kahle ezweni, umbuso wakhe usangena kancane ezweni, intando yakhe ayenziwa kithi njengokufanele. Masithandazele ezikaBaba kuqala andukuba siveze ezethu. Igama lakhe likhulu kunemali yakho. Khona uzothola ithuba lokuthandazela phezu kwezakho ngokuthi usiphe namuhla ukudla kwethu.

ngegama likaBaba

Igama lakhe linguYe uqobo lwakhe njengokuba uzé kithi nensindiso yakhe kuJesu; njengokuba waziwa phakathi kwethu esontweni naseBhayibhelini. Ngabe sisakhumbula izwi lesithathu lomthetho wasekhaya likaBaba lokuthi masingaliphathi ngeze noma kabi igama likaJehova; kube sengathi liyinto nje engasebenziyo, sengathi lifana nokwethu okuyize. Kanti igama likaBaba lingumbhoshongo abagijimela kuwo abakhe bacashela khona izilingo zezwe baze balondeke(iZa 18:10). Ocindezelekile uyamncenga ngokuthi: Baba, ngisindise ngegama lakho(iHub 54:1). Liqukethe yonke insindiso kaJesu umuntu amelwe ukusindiswa ngayo(iZe 4:12).NguJesu oletha kithi ngoMoya wakhe oNgcwele igama likaBaba ukuze kuthi igama likaBaba nensindisi kaJesu kokubili kucishe kufane.Leligama-ke elingcwele lensindiso liphakathi kwethu ezweni kanye nezimoto nemithi nengculazi nezibhamu.

liyangcoliswa ezweni

Ezulwini leligama elingcwele lilondolozekile ngoba liyadunyiswa khona. Kodwa kuyingozi ukulehlisela lelogama elingcwele phakathi kodoti wezwe. Sesiyabona uthando olukhulu lukaBaba asithanda ngalo. Akazigcinelanga ezulwini igama lakhe kodwa ngokulithanda izwe kangaka uyalifaka engozini phakathi kwezibi zezwe size sisindiswe ngalo. Ngoba yingozi yempela yokuphonsela ezitaladini zaseNdaleni naseMlazi lelogama elingcwele.Akusizi lutho ukubheka manje abangakholiwe; singakhumbula futhi amaIsrayeli ukuthi angcolisa kanjani igama leNkosi yawo laze lahlanjalazwa phakathi kwabahedeni (Hez 36:22;Is 52:5;Rom 2:24). Kanjalo akuyibo abangaphandle nje abalingcolisa igama elihle likaBaba kodwa yithina. Yithina esikhuluma ngegama leNkosi; kumenyezelwe phezu kwethu igama likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele; yithina esiliphethe ezitaladini nasezikoleni. Lilondolozwa kahle phakathi kwethu na? Ligcinwa kangcwele kithi lize lingachashazwa yini ngodaka lwezwe? "Yilowo nalowo ophatha igama likaKristu, makadede kukho konke ukungalungi"(II Tim 2:19). Igama elingcwele lensindiso yakho ligcinwa kanjani nanxa uxhumana nabangane bakho esitaladini na? Khumbula ukuthi ukuzwana nezwe kungubutha kuNkulunkulu(Jak 4:4).Asikho isono esivusa ulaka lukaNkulunkulu njengalesi esokulingcolisa igama lakhe(Math 10:33).

malingcweliswe yithina

Cha, noma nini uma sithandaza njalo asisho ukuthi: Baba, ngcwelisa wena igama lakho kodwa makube-yithina esilingcwelisa emisebenzini yethu, emazwini ethu, emicabangweni yethu. Sicela usizo lukaBaba ukuba asincede kulokho okunzima kabi ngoba phela siphakathi kodoti wezwe yonke indawo; nokho siphethe khona futhi igama elingcwele likaBaba wethu.Ukulingcwelisa ngukulihlukanisa kahle funa ingcole. Ngicela ukuthi yilowo nalowo aphinde abheke ukuhamba kwakhe; kuyalingcwelisa igama likaBaba wethu noma kuyalingcolisa na? Ngoba kunguwe uqobo oliphethe lelogama elingcwele ngombhabhadiso wakho nangomthandazo wakho. Kuthi uma okholwayo ezwa ukuthi umyalelo weNkosi uthanda ukuba-nzima kuye, uya emthandazweni. Nathi sizwé kahle: ungaliphathi ngeze igama likaBaba wakho kodwa sesiyakhuleka futhi sithi: malingcweliswe igama lakho,Baba, yithina, siyacela usizo lwakho.

MATH 6 : 10a = MAWUFIKE UMBUSO WAKHO = funda Khath 123 - 11-06-00

Kuthi uma ngibuza ukuthi ukuphi umbuso kaNkulunkulu uBaba wethu, ngiyaye ngithole impendulo ithi: kusobala ukuthi umbuso wasezulwini usezulwini. Kepha ayilungile; ake sibone kahle ukuthi umbuso kaNkulunkulu wethu owadala izulu nomhlaba, uvela ezulwini kodwa nanku ukhona lapha kithi emhlabeni. Kufanele kube-njalo. UnguMdali wawo. NguYena owamdala uAdamu owayeyisakhamuzi sokuqala sombuso wakhe. Wamshayela umthetho wawo wathi: ngiyiNkosi yezwe(Gen 2:16-17).

umbuso uhlutshulwé nguSathane

Sifunda ukuthi uSathane wamhlubuka uBaba wethu eParadisi wazenza inkosi yombuso weba abantu bakaNkulunkulu. UMdali wezwe wayesekhona kodwa abantu bakhe bangabe-besamlalela. Ngokuhleba kukaSathane oAdamu noEva base bemthobela. Ngakho uSathane ubizwa ngokuthi umbusi walelizwe(Joh 12:31;14:30;16:11) noma unkulunkulu walelizwe(II Kor 4:4). Akanalo ilungelo lokuba-yinkosi yezwe kodwa wazenza yona ngokumelana nomthetho wokudalwa kwalo.Wena,muntu, ngokuzalwa kwakho usungumuntu wesizukulwane sikaAdamu; nezenzo zakho ziyakubonakalisa lokho.Sekukhona egazini lakho isifiso sokuvukela umthetho woMdali wakho.Kanti ngemvelo yakho nangomthetho wecebo likaNkulunkulu ungumuntu wakhe.Sengathi kuhlezi phakathi kwakho abantu ababili kanyekanye, owombuso weNkosi nowokaSathane.

umbuso ubuyiswé nguJesu Kristu

Nokho uBaba wethu akasukanga kithi ngokuthi isimo esisha salelizwe siyangehlula. Cha, walithanda izwe kangaka. Wathuma iNdodana yakhe ngesimo somuntu -uMlamuli uJesu - ukuba achithe imisebenzi kaSathane(I Joh 3:8). Ngokufela ukungalaleli kwethu uJesu Kristu wasibuyisela kabusha embusweni kaNkulunkulu wasenza izakhamuzi zombuso wakhe nabantwana bomuzi kaBaba njengasekuqaleni eParadisi. E-Golgotha uJesu wamnqoba uSathane ngokunikela ngegazi lakhe libe-yisihlengo sezono zethu ukuze kuthi yilowo akholwe nguye amukelwe embusweni wakhe.Kanjalo uJesu ngemva kokuba eseqedé umsebenzi wakhe, wamemezela ezweni ukuthi ngiphiwe amandla onke ezulwini nasemhlabeni(Math 28:18). Ezulwini base bemntshinga uSathane emhlabeni- yena onguhodoba womhlebi nommangaleli wabazalwane(iSamb 12:8)- uNkulunkulu wase emnika uJesu igama eliphezu kwamagama onke. . .ukuba izilimi zonke zivume ngokuthi *uJesu Kristu uyiNkosi*(Fil 2:11). Manje lowombiko omuhle mawumenyezelwe ezweni lonke wokuthi wozani-ke, sekukhona iNkosi entsha, umbuso wasendulo usuvusiwe kabusha kuJesu Kristu.

umbuso uthandazelwa yithina

UJesu useyasifundisa ukuthandazela umbuso kaNkulunkulu ukuba ungene ngamandla ezweni uqine.Umbuso omusha ukhona ezweni kodwa usebuthakathaka. Awukangeni nakanci kubantu abaningi. Kepha nakulabo asebengenwé yiwo, awukangeni ngokupheleleyo. Usebuthakathaka kithi.Kumenzela uBaba-uNkulunkulu ubuhlungu ukubona ukuthi kusekhona abaningi abangakazi lutho ngawo nokuthi asebengené kuwo basangenelwé yiwo kancane. Umntwana uthandazela uyise,akunjalo. Pho-ke, simenyelwa ukuwukhulekela umbuso kaBaba wethu. Uma thina esingabombuso wasezulwini(Fil3:20) singawuthandazeli, pho, obani abazowuthandazela na? Sicela ukuba thina sizithobe kuwe,Baba. Sithandazela umsebenzi webandla lethu nabaphathi balo.Sithandazela abasha bethu nabadala bethu ukuba beme. Sizithandazela thina futa inyama yethu nezifiso zayo zisehlule. Sisho konke lokho uma sithi: mawufike umbuso wakho. Kusekhona okuningi kangaka okumisa ukuza kombuso kaBaba wethu ezweni. USathane ubengakafi! Owuthandazelayo uzobona ukuthi kukhona ukuphenduka ekuphileni kwakhe.

uNkulunkulu abe-yikho konke kubo bonke

Okwamanje uBaba usayingcosana kubantu abayingcosana; nakumina akayikho-lokho ebengizokuthanda ukuba abe-yikho kepha mangikhuleke ngithi: umbuso wakho mawufike nakimi ngokuqhubekela ngaphambili.Aze abe-yikho konke kubo bonke, abuse jikelele kukho konke ezulwini nasemhlabeni(I Kor 15:28).

Math 6:10b = MAYENZIWE INTANDO YAKHO = funda Rom 7:7-25; Khath 124

Isikhathi sokuveza ezethu asikafiki emthandazweni; ezikaBaba azikapheleli; "we,bantwana, manibekezele kancane, khona manje nisazokuba-nethuba lokuveza ezenu". Ngoba sesithandazele phezu kwegama likaBaba, sathandazela phezu kombuso kaBaba kodwa kusekhona inkinga yentando kaBaba yokuthi ayenziwa ezweni. "Inkinga kaBaba inkulu kuneyakho".

eyakho

UJehova-uNkulunkulu unguMninimhlaba enguMdali wawo futhi. UnguMenzi futhi wabo bonke abakhé kuwo. Kodwa cishe iningi labo alisamazi alisamlaleli; ngabamamukelé uJesu njengoMsindisi wabo, yibo labo bodwa abasengabantwana bakhe nabasamlalelayo. Iningi labakhé ezweni lizithela ngabandayo maqondana nentando kaBaba liphikisa iqhaza elinohlonze analo uBaba enhlabeni kukho konke enguMniniwo. Ngabantwana bakhe bodwa abasammela uYise wasezulwini nentando yakhe.Njengalokho abantwana emzini wakubo benza konke okushiwo nguyise wasekhaya, kanjalo abantwana basezulwini balungele ukukwenza konke akushoyo uYise wangaphezulu.Yebo, kubenzela ubuhlungu ukubona ukuthi kusekhona abaningi kangaka ezweni abasamdelela uYise wasezulwini nentando yakhe. Ngakho uJesu uyabafundisa ukuthandazela intando kaNkulunkulu ukuba yenziwe ezweni. Umntwana uyajabula yini ebona ukuthi uyise akadunyiswa yibo abanye abantwana na? Cha, kumphatha kabi! Ngakho uJesu uthi manithandazele intando kaBaba ukuba yenziwe kahle phakathi kwalabo abangayithandiyo. Thina, bakholwayo, siyenza kahle sibe-yisibonelo sokulalela,akunjalo?

eyethu

Nokwana uma sicabangisisa, sibona ukuthi asiyiso. Yebo, siyezwa ukuthi phakathi kwethu enhliziyweni kukhona okumelana nentando kaBaba. Eyethu intando iye imelane neyakhe uBaba. Sivuké ukuyenza qede kuvuke phakathi kwethu amandla angafuni ukuyithobela eyakhe intando. Yikho lokho akhuluma ngakho uPawule kuRoma 7:14-25 okuyimpi phakathi kwentando kaBaba neyethu."Okuhle engikuthandayo angikwenzi kodwa okubi engingakuthandiyo lokho ngiyakwenza"(19).Inyama yami noma umuntu wami omdala uyangithumba ungenza isiboshwa sokubi.

Cha, akusibo abangakholiwe, yithina futhi abangakayenzi njengokufanele intando kaBaba. Ongakezwa kahle leyompi kaRoma 7 ubengakangeni kahle ekukholweni kobuKristu ngoba kuyikho lokho okumhlupha umntwana kaNkulunkulu ngaphezu kwakho konke okunye. Kumenza adinwe ngobuthakathaka bakhe nenkani yakhe.Leyonkani ingahlala kuye aze afe. Ngakho uyathandaza athi: mangilahle intando yami ngilalele eyakho kuphela ngizidele(Math 16:24).

eyakho yenziwa kanjani?

Njengokuba izingelosi zasezulwini zikulalela zenze intando yakho zingakhononi, zingadubi umsebenzi; cha,zisimze siwenze nje. Ngabe nithi: ziyizithunywa zeNkosi (Heb 1:14), zimelwe ukuyenza. Pho, uma izithunywa noma izisebenzi zenza njalo, kakhulu kangakanani abangabantwana! Umntwana useduze noyise kunesisebenzi sasezulwini! Abantwana-ke bangafunda ezingelosini ukuthi ukulalela ngenhliziyo evumayo nangokuthembeka kuyini. Bangakufunda futhi kumfowabo uJesu owafisa kangaka ukuhlala eJerusalema ethempelini kodwa walahla eyakhe intando.Nguyena futhi ongathandanga ukuya eGolgotha kodwa walahla eyakhe intando ethi:"kungabi njengokuba ngithanda mina kodwa njengokuba uthanda wena"(Math 26:39).

UPawule uyakhuluma ngokuhlola okuthandeka eNkosini(Ef 5:10,Rom 12:2). Ngesikhathi singena enkolweni asikaqondi kahle intando kaBaba ukuthi ifuna ntoni kithina. Kuthatha isikhathi ukuzama nokufunda nokufeza isibopho nokukhuleka. Yisikhathi sokuqeqeshwa njengamasosha nesikhathi sokuzivocavoca size sife. Nomuntu omdala usacabanga njalo ngentando kaYise phakathi kwezinkinga eziningi zalelizwe! Ake sikhumbule ukuthi owenza intando kaNkulunkulu, nguyena yedwa ohlala njalo(I Joh 2:17).Ongayenzi usala endleleni yalelizwe. Akaqedi ibanga lenkolo(funda futhi Math 12:50). Akulutho olumjabulisa uBaba kunomntwana wakhe omphilelayo. Awuthandi yini ukumjabulisa?

MATH 6 : 11 = Usiphe Namuhla Isinkwa Sethu Semihla Ngemihla = Khath 125
(02-07-00)

Sesizilethile phambi kukaBaba ezingezakhe(igama nombuso nentando yakhe) Kufanele kube-njalo; ezikaBaba zinkulu kunezabantwana. Uthi uJesu: manje sekuyithuba lokuletha ezenu. Yintoni esizoqala ngayo na? Ngabe kukhona othi: umuntu makaqale ngezono zakhe eyisoni phambi kukaYise. Nokho sengathi uJesu akavumi. Sibunjwé ngothuli lwalelizwe, thina-bantu. Ilizwe leli liyikhaya lethu kodwa kunzima ukuphila kulo. Kumelwe ukuba ngidle khona, ngembathe, ngibe-nomsebenzi. Akusizi lutho ukushumayeza umuntu olambile ngokona kwakhe nxa elambile engenalo lokwembatha. Ngakho uJesu uyasifundisa ukucela kuqala ukudla kwalelizwe ngokuthi: usiphe namuhla. Yebo, ngingethule phambi kukaBaba indaba yokudla kwami.

sicela ukuphiwa ngubani?

Kumbe kungabakhona othi: hhayi-bo, iNkosi mayinakekele okomphefumulo, mina nginake ezomzimba ngoba phela nginomsebenzi mina. Kodwa ngibuza ngithi: uyini, wena-muntundini? Uyithonsi kwasesitsheni nothuli lwesilinganiso(Is. 40:15). Uma uSomandla engayakhi indlu bashikashikekela ubala abayakhayo(iHub 127). Umhlaba okuwo, muntundini, ungowokabani? Wena kanti ungumniniwo? Seza lapha emhlabeni singenalutho, asikwazi ikumuka khona siphethe utho (I Tim 6:7). Cha, umuntu okholwayo uyavuma ukuthi "nguWe ongumthombo owodwa wakho konke okuhle", futhi"ukunaka nokuzama kwethu, yebo, nakho lokho osipha khona, kungesisize nxa kungabusiswa nguWe"(Khath). Umntwana wasekhaya ucela ukudla kuyise engakuthathi nje; ngoba akasiye umninilo ikhaya. Lomthetho uyasebenza futhi ezweni phambi kukaBaba osezulwini.

yini esicela ukuyiphiwa?

Sicela uBaba ukuba asondle ngesinkwa. Isinkwa sesikhathi sikaJesu sasingukudla kwemihla ngemihla njengokuba ummbila wadliwa zonke izinsuku kithi eAfrika. Ophiwa isinkwa sodwa, akazinzile; ukutamasa akufunyanwa kuye. Kodwa ngeke afe ngendlala futhi, uyaphila nje. Sengathi uJesu uyasifundisa la ukuthi ukukucela esingakudingi kakhulu akulungile. Akekho ocela ukuphiwa imoto enkulu. Sicela lokho-okuncane esikuntulayo. Uma sinakho ukudla nezambatho, asaneliswe yilokho(I Tim 6:8). Okunye okungaphezu kwalokho kuya ngomusa kaBaba.

Nokwana kusobala ukuthi singacela konke esikudingayo impela. Awusiphe impesheni yanamuhla noma imali yemfundo yamanje noma izinguho zabantwana nokunjalo. Masingabinamasela akuthatha nje angakuhlwitha. Mina-muntu anginawo amalungelo phambi kukaMninizwe. Umhlaba nokukuwo kungokaBaba wethu(iHubo 24:1). Ngakho konke engikudingayo nenginakho ngiphiwe khona nguBaba nesibusiso sakhe."Ningakhathazeki ngalutho. . . . . "(Fil 4:6).

sicela ukuphiwa nini?

Sifundiswa ukucela isabelo sethu sanamuhla, hhayi esakusasa."Ningakhathazeki ngengomuso"(Math 6:34). Ikusasa lingelikaBaba Philela usuku lube-lunye ngalanga linye; sicela esikudinga namhlanje. UJesu akashongo ukuthi masinganakekeli usuku lwakusasa kodwa "ningakhathazeki". Akufani. Akukubi ukufundela ikusasa noma ukulilobolela noma ukukhipha umshwarensi. Kuhle ukwenza njalo. Abantwana basekhaya abakhathazeki ngokudla kwakusasa ekuseni; bakhululekile bazi ukuthi umame ukhona. Makube-njalo kithini, bantwana bakaBaba!

sicela ukuphiwa singabanjani?

Ukucela akuthathi indawo yokusebenza. UJesu akashongo ukuthi masikhamise umlomo sihlalele ukudla kuze kungene. Siyathandaza futhi bese siya kudokotela nasesibhedlela. Ukuthandaza nokusebenza kuyahambisana.

Isimo selizwe lakithi sibi njengoba abafisa ukusebenza abakutholi. Izwi likaPawule lisasihlaba thina esinomsebenzi elithi:"thwalisanani imithwalo yenu. . ."(Gal 6:2). Ngoba angithandazi ngithi: ungiphe mina isinkwa . . . kodwa usiphe thina. Funda Roma12:13.

Usithethelele Amacala Ethu Njengalokhu Nathi Sibathethelela Abanecala Kithi

(Math 6:12;funda 18:21-35; Khath 126 - 23-07-00)

Sesiphonsé izinkathazo zethu phezu kukaBaba ngokuthi usiphe isinkwa sethu. Kusho ukuthi sesingabantu abakhululekileyo na? Kahle, siyiziboshwa zezono zethu!

ngomuntu necala lakhe

We, muntu webandla, ulibangisephi? Pho-ke, ngisendleleni yokuya kuBaba nasekhaya lakhe. Awuzwanga ukuthi akungeni-zono khona na? Njengokusho komthelisi owathi:"Nkulunkulu, ngihawukele mina-soni"(Luk 18:13), umuntu akanakho-ukungoni(iHub 130:3; 143:2; Jak 3:2). Umuntu akanguye afanele ukuba-nguye. Phezu kwakho konke ukuhamba kwakhe kungalotshwa ibizo linye elithi: ugejile.Ubefanele ukugcina umthetho wasekhaya likaYise nayo yonke imiyalo yakhe; ubefanele ukuyithanda iNkosi nomakhelwane wakhe (Math 22:34-40) kodwa akekho kulendlu angathandaza ebusuku ngokuthi Baba, namhlanje ngigciné konke okushilo.Ongavumiyo ngiyammema ukuba asukume phakathi kwethu asambulele izifiso nezizindlo ezijulile zenhliziyo yakhe nakho konke okuvela emaphusheni akhe. UJesu akashongo ukuthi onezono makathandaze ngokuthi usithethelele kodwa anokhuleka *nina* . . . Niyabona ukuthi izono necala kuhlukaniswa kanjani na? Izono noma konke ebesifanele ukukwenza nesingakwenzanga nakho konke ebesingafanele ukukwenza nesikwenzile,yikho lokho kuletha icala phambi kweNkosi engcwele, kwenza sibe-necala lokulahlwa enkantolo kaNkulunkulu lapho kuthethwa khona ozenzo zomuntu.UNkulunkulu ongcwele ugcina umthetho wakhe wokuthi akungeni-zono khona.Thina-ke siye sikhulume ngamalungelo anawo umuntu kodwa ake sibone amalungelo aqotho anawo uNkulunkulu phambi komuntu.Yilungelo lakhe lokubuza ukuthi we, muntu uphi na? Wenzenjani? Angikudalanga unje,soni!

ngoKristu nentethelelo yakhe

Nokho uNkulunkulu unomusa. Uyammukela uJesu Kristu ukuba angene enkantolo yakhe njengoMmeli wababekwé icala. Nguyena omcela ukuba igazi lakhe laseGolgotha linganela yini ukuba -yinhlawulo yamacala omuntu ammelayo. Amanxeba akhe awaneli yini ukumphilisa ukuba asinde(I Pet 2:24).Makabongwe uNkulunkulu ongikhululayo ngoJesu Kristu(Rom 7:25). Uyathethelela umuntu ngegama likaJesu ngenxa yakho konke asenzelé khona eGolgotha. Seniyabona umusa wakhe ukuthi uyini? Uyamukela umhlatshelo kaJesu njengenhlawulo yezono zomuntu. Yebo, kungokwakho konke kube sengathi awuzange ube-naso isono ngisho esisodwa, kube sengathi wena umhlophe qhwa ngokwakho,kubesengathi kwakunguwe uqobo owalengiswa eGolgotha emthini.Usuyamuzwa uMahluleli okufakazela ngokuthi: angitholi-cala kulowomuntu; nguwena-soni uqobo? Usuyisoni esithethelelwe. Usungcwele,awunasisihla(Kol 1:22). Lapho ethi uPawule: akusekho ukulahlwa kwabakuKristu(Rom 8:1), nawe obambelela kuJesu Kristu uphakathi kwabo.Konje nawe uthanda ukucula kanye noDavide ukuthi uyadela lowomuntu ozeqo zakhe zithethelelwe, osono sakhe sigqitshiwe na? Funda iHub 32:1-2; 103:1-13.

ngomuntu othethelela kanye noKristu

Umuntu othethelelwe kanjalo, uyathethelela umfowabo omonileyo kanye noKristu.Umusa kaBaba awupheli kuye kodwa uyawudlulisela kumfowabo.Akafani nomuntu womfanekiso kaMath 18. Akafani noPetru owathi uzobala nxa ethethelela umfowabo kuze kube-kasikhombisa. UJesu uyamfundisa ukuthi: nami angibali. Ngakho nami angilobi epheshaneni ukuthi umfowethu ungonile kasithupha kasikhombisa njalonjalo. Umusa weNkosi awunamkhawulo nowami engiwuthola kuKristu unjalo.Kodwa kulukhuni. Ngisakhumbula kahle izono abangona ngazo abathize. Kodwa uthini? Ezakho izono zikhohlakele ezulwini noma zisalotshiwe ebhukwaneni lasezulwini na? Chabo. Ngakho kahle, ongathetheleli umfowabo iziphambeko zakhe, nezakhe azisoze zathethelelwa(Math6:15;18:35;Ef4:32). Sengiyabona ukuthi ukuphenduka kwami akukapheleli. Ngoba ngisabala njalo uma umfowethu engonile.Mangikhumbule njalo: *njengalokhu nathi* . . . .

UNGASINGENISI EKULINGWENI KODWA USIKHULULE KOKUBI

Math 6:13a - Gen 3:1-7; Khath 127 = 30-07-00

Umntwana kaNkulunkulu usetholé intethelelo yezono zakhe ngoba ethandazile kuYise ukuthi usithethelele amacala ethu. Uyawethemba umusa kaYise.Nakuba izono zakhe zingasekho, usezwa njalo ubuthakathaka bakhe. Usekhululekile maqondana nezono zayizolo kepha usuku lwakusasa uyalwesaba kabi. Unokuzabalazela izono zakusasa na? USathane uzulazula ezweni efuna angamgwinya; inzondo yakhe enkulu iyamqhuba ukuba ahudulele esigcawini sikaNkulunkulu abangabakhe abawela esonweni. Kade esephumile ukubalinga(iSamb 12:10).

uSathane ubeka izilingo endleleni yethu

USathane wamlinga uEva eParadisi ngokubeka phambi kwakhe umkhankayo okhangekayo. Wathi kuye uzolingana noNkulunkulu(Gen 3). Nansi indlela uSathane athanda ukuhamba ngayo: uziveza kumuntu njengengelosi yokukhanya noma njengomuntu ophansi noma ikhehla elikhaliphile noma umfazi obukekayo noma unkulunkulu-mbumbulu ukuba umuntu amlalele awele endleleni yensindiso angabe esavuka kodwa abhubhe.Mshumayeli, awukhumbule ukuthi izilimi eziningi zalelizwe zihumusha isicelo esiphezu kwaso namhlanje ngokuthi `*usikhulule komubi*`. Emva *kokubi* kwalelizwe kucasha *omubi* onguSathane uqobo. Uyalinga ukuba abhubhise njengokuba kwakunguyena owamlinga uJesu ukuba awele esonweni angabe esaziveza njengoMsindisi wethu. Ufana nesicabucabu esiphakathi kobulembu baso sihlalela impukane. Lempukanyana yimina. Ngakho uJesu uyangifundisa ukuthandaza ukuba mina,muntu-ndini ngikhale kuBaba osezulwini.

UBaba akalingi; *uyavivinya* njengokuba wavivinya uAbrahama(Gen 22). UBaba uke abeke izinto ezilukhuni endleleni yami ukungivivinya nokungihlola ukuba ngiqine ekumethembeni, nginamathele kuYe. USathane uyalinga ukungibhubhisa, uBaba uyangivivinya ukuba angiqinise.Umntwana kaNkulunkulu uyahlukanisa ukulinga kukaSathane nokuvivinya kukaYise abone ukuthi yikhuphi okuvela kuYise yikhuphi okuvela kuSathane.

sicela uBaba ukuba angasingenisi ekulingweni

UNkulunkulu wethu uneqhaza elinjani ezilingweni zikaSathane na? Pho- unguSomandla! USathane akalingani noNkulunkulu wethu. Udaliwe njengathi! Akanakusilinga njengokuthanda kwakhe nxa uBaba engamvumeli. Khumbula indaba kaJobe 1 no2. Kanjalo sifunda kuI Kor 10:13 ukuthi uBaba akamvumeli uSathane ukuba asilinge *ngokungaphezu kwamandla ethu.* Ngabe uthi wena: kanti uSathane ulihashi lasendle elingenakuthanjiswa. Kodwa ngithi mina: we,mfowethu, itomu lengqosha likaNkulunkulu lisemlonyeni walo. Ngakho siyezwa ukuthi evesini elingenhla kanye nokulingwa uBaba uyosipha amandla okuqinisela, asitshengise nendlela esiyophunyula ngayo. Ngakho mina,mfokazana, ngiye ngicele ngithi: Baba, awummise uSathane, izilingo zakhe ngiyazesaba kabi.

nokho nxa zifanele zibe-khona usikhulule kuzo

UBaba uhlakaniphile kunathi. Asinakulunguza ebhukwini lakhe lasezulwini size sithole ukuthi iyiphi indlela eyokuba-ngeyami. Angazi ukuthi ngabe uzimisele ukungihola ngayiphi indlela ngize ngiye ekhaya lakhe. Njengokuba ebandleni laseJerusalema uJakobe wayengazi ukuthi wayezokubulawa, noPetru wayengazi ukuthi wayezokuphepha(iZe 12:1-19). Ngakho ngithi: Baba, uma izilingo ziswele zibe-khona ngokwecebo lakho, ngizothula. Kodwa ungangishiyi phakathi kwazo funa ngibhubhe ngihlukane nawe. Ngibuthakathaka mina. Ngakho siza ungikhulule komubi!Angisilo iqhawe ekukholweni elethemba amandla alo.

ngoba izitha zethu ezintathu zinamandla

Yebo, zintathu izitha zethu: nguSathane uqobo(1) onabo abangane ababili angena ngabo kithi; omunye yilizwe ngaphandle kwethu (2), omunye yinyama ephakathi kwethu(3). USathane uyasebenza ngabo bobabili ukuba angene kithi asilinge.Izwe liphethe udumo nokufiswa yimvelo yethu nokusikhangayo kuqubule inkanuko kithina nokunjalo ukuze sithathe indlela yomshumayeli

uDema owathanda izwe waze washiya umsebenzi weNkosi(II Tim 4:10). Izwi liyasixwayisa lithi umhlobo wezwe uzokuba-yisitha seNkosi(Jak 4:4).

Isitha sesithathu siyinyama yomuntu angena ngayo kuye uSathane. Kuhlala phakathi komuntu isilwane esingafuni ukuthanjiswa nesingafuni ukuthobela uKristu neZwi lakhe. USathane uzitholela umana enyameni yomuntu(Ro 7:14-25). Yebo, umuntu kaNkulunkulu usempini enkulu yokukholwa. Izitha ezintathu zihlala zimvukela.

Kanjalo sesizwile namhlanje isikhalo sovalo somuntu ozizwa esengozini. Ozizwa ebuthakathaka empini yokukholwa. Kodwa owazi futhi ukuthi unoYise osezulwini.

Ngokuba Umbuso Ungowakho Namandla Nenkazimulo Kuze-Kube Phakade. Amen

Math 6:13b - funda Luk 17:11-19; Khath 128-129 = 06-08-00

Izicelo azisekho emthandazweni wethu. Sesibeké kuBaba konke esikudingayo ekuphileni kwethu. Umthandazo wethu usugcina ezulwini njengokuba waqala ezulwini nxa sithé: Baba wethu osezulwini. Phakathi kwesiqalo nesiphetho umkhuleko wethu wehlela ezweni wathinta zonke zethu. Kodwa manje akusali lutho esingalucela. Nokho isiphetho sawo asikafiki. Umthandazo mawungabinazo izicelo zodwa njengabayishumi ababenochoko kodwa munye vo wabo bonke wabuya wamdumisa uNkulunkulu. Nowethu umthandazo mawugcine ezulwini ekumdumiseni uBaba. Ngoba phela uNkulunkulu uhlezi ezibongweni zikaIsrayeli(iHub 22:3).

siyamdumisa nxa sithi umbuso ungowakho namandla nenkazimulo

Osezinzulwini zozwa phansi akaboni isimo sezwe sangaphezulu ukuthi sinjani. Ohlezi phansi emhlabeni ekhuleka phakathi kwesinkwa semihla ngemihla namacala nezilingo akaboni kahle ubukhulu bukaYise wasezulwini esabheka njalo izinzulu zozwa. Kodwa ophakamisela ezulwini inhliziyo yakhe nguye obona esephezulu entabeni yenkolo, inkazimulo kaYise. Ngakho masiphakamisele izinhliziyo zethu ezulwini!

umbuso ungowakho: phansi esigodini salelizwe nenhlakanhlaka yalo sithi: sengathi uSathane ungumbusi wezwe. Kepha nanxa sithandaza sizwa isandla sikaBaba sisibamba sithi: ngeke, osiholayo nguBaba, nguYe okwenza konke ngecebo lakhe. Ngokabani umbuso? NgokaSathane ongumbusi omubi nomlingi wethu odilizayo noma uMdali wethu, nguYe owangibumba esiswini sikamame nonginakile zonke izinsuku na? Cha, angifuni ukuhlukana noBaba nombuso wakhe ngoba khona lapho embusweni womusa nothando lwakhe ngizizwa ngilondekile. Makabongwe!

amandla angawakho: ebuthakathakeni balelizwe sike sizwe amandla kaSathane noma siye simemeze emihlanganweni yethu yezombusazwe sithi: "awethu" kepha osezwile ukuthi umbuso ungowakhe uBaba, akasasho njalo. Yena usebonile ukuthi amandla kaSathane namandla abathakathi ebiwe kuBaba-uSomandla. Amandla onke ahlangene noYise wamandla nombuso wakhe! Osebenzisela okubi kwakhe amandla, uwantshontshile embusweni kaBaba. USathane nabathakathi kepha nalabo futhi abamemeza bethi:"awethu" ukuba baqambe amacebo abo afihlakele, bangamasela njengamadoda ahlukumezela izinkanuko zawo abesifazane ngamandla awo! Amandla onke mawasetshenziswe ngomthetho kaMninimandla ngoba umbuso wakhe ungumthombo wawo. Siyamdumisa lowo okuthiwa ngaYe: amandla angawakhe(iHub 62:11).

inkazimulo ingeyakho: phansi ezweni sisayengwa yinkazimulo yalo kepha nxa sibheka uBaba nombuso namandla akhe sithi nguWena odlula konke,Baba,Mdali ,Mlondolozi, Msindisi,Somandla! Ngesinye isikhathi sike sibhajwe yinkazimulo yalelizwe kodwa nxa siphakamisela amehlo ethu kuBaba sibona ukuthi siyiziwula. Ngoba inkazimulo eyiyo ingeyakho kuphela,Baba!

siyamdumisa nxa sithi kuze-kube phakade

Kithina konke okukhona kuyokuba- kuphelile. Asinamuzi omiyo(Heb 13:14).Nomlingi wethu akazukuma. Unolaka azi ukuthi isikhathi sakhe sifushane(iSamb 12:12). Akazi ukuthi uBaba umshiyelé izinsuku ezingaki. Uyise lona wamanga ufana nehashi eliphethe emlonyeni walo itomu lengqosha likaNkulunkulu. Funda Ro 16:20;Jak 4:7. Asifuni ukuhlukana neNkosi yamakhosi. Udumo namandla nokunqoba kungokwakhe kuze- kube phakade naphakade(iSamb Ro 7:12)

siyamdumisa nxa sithi Amen

Izwana leli lithi kuqinisekile. Sisho ngalo ukuthi umkhuleko wethu uzwiwe isibili nguBaba. Ngabe inhliziyo ithi: cha, awusoze wazwiwa nguYe. U-Ameni-ke uyashicila umkhuleko wami ukuthi ufinyelelé impela ngaphezulu. Awufani nencwadi esal` emuva eposini. Ngakho uma ngithi 'Amen'egameni leNkosi uJesu ngiyamdumisa uBaba. Yena uhlala ethembekile njalo. Uma ngabe singathembekile thina, Yena uhlala ethembekile njalo ngoba akanakuguquka kulokho akushiloyo(II Tim 2:13).